**POSSIBLE ANSWERS FOR:**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesithathu)**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**AMAMAKI: 80**

---

**IMIYALO**

Abafundi bayayalwa ukuba balandele imiyalo

**ISIQEPHU A**

**UMBUZO 1**

Indaba ayibe ngamakhasi AMABILI. kube isihloko esisodwa.
**UKUMAKWA KWENDABA**
INDABA MAYIVEZE:

A Ingqikithi: (16)

Ukuthi umfundi uyakwazi ukuhlela akushoyo ngokufanele (effective Communication of content). Lokhu kuzobonakala ngalezi zimpawu

- Icacise bha ngokuzayo / okungalindeleka
- Indaba ebekwe ngokucacile nangokulandelana kwamaphuzu / kwezigameko.
- Ukuchaza noma ukucacisa ngezibonelo
- Ukungaphumi esihlokweni
- Ukuveza eyakhe imibono nokwethula izixazululo zezinkinga.

B Isakhiwo (6)

Akuvele ukuthi umbhali unalo ikhono lokuhlela indaba yakhe ngobunyoninco. (Structure, organisation mechanical ability). Lokhu kuzobonakala ngokuthi indaba ibe nalokhu:

- Isihloko, isingeniso, Isiphetho.
- Amapharagrafu ahleleke kahle: leyo naleyo iqukathe umqondo owodwa omusha
- Ukubonakala kwesiphetho sendaba

C Isitayela (3)

- Ikhono lokuveza imiqondo emisha nemicabango yakhe.
- Ubuciko bomfundi ekubhaleni indaba yakhe (creative ability). Kuzobonakala

D Ulimi (5)

- Ikhono lomfundi lokucabanga ngendlela enobuhlakani. (Critical thinking skills). Lokhu kuzovela ngokuthi umbhali wendaba aveze ukuthi uyakwazi:
- Ukusebenzisa ulimi olufanele sebenzisa amagama okukhuluma amukelekile.
- Isipelingi esiyiso negrama efanele
- Izimpawu zokubhala ezifanele
- Ukuhlanganisa nokuhlukanisa amagama ngendlela efanele.
- Umfundi asebenzise izimo zokukhuluma njengezifengqo, izisho ukugcizelela nokugqamisa imibuzo izitatimente ngenhloso yokuheha umfundi nezindatshana ezigqamisa okuthile. **[30]**

## ISIQEPHU B

### UMBUZO 2

2.1.1 **INCWADI YEBHIZINISI**
UKUMAKWA KWENCWADI
Isakhiwo sencwadi (8)

| | |
|---|---|
| Ikheli lokuqala | (1) |
| Ikheli lesibili | (1) |
| Isibingelelo | (1) |
| Isihloko sodaba | (1) |
| Isiphetho | (2) |
| usuku | (1) |
| iya kubani | (1) |
| **Ulimi** | **(2)** |
| **Okuqukethwe** | **(5)** |
| | **[15]** |

2.3 Amaminithi omhlangano

**Isakhiwo** (7)

Igama lomhlangano
Uhlobo lomhlangano
Usuku / isikhathi / indawo
Ukuvulwa kwamaminithi
Ababekhona / abaxolisile
Izihlohlokwana ezidingidiwe
Igama likanobhala

**Ukusetshenziswa kolomi** (3)

Bhala Ube inkathi edlule
Akube yinkulumombiko kungabiyona inkulumoqho
Makusetshenziswe ulimi olwamukelekile
Ukupela nokuhlukaniswa kwamagama kubhekelelwe

**Okuqukethwe** (5)

Amaminithi awakhumbuze okuthile okugaba umthetho sisekelo wesikole.
Iziphakamiso zigqame nezinqumo.

**[15]**

2.4 Memorandum

OKUQUKETHWE (7)

Kulindeleka ukuba, iveze okunye kwalokhu:

(i) Ukukhumbuza okuthile / ukwazisa
(ii) Ukululeka ngokuthile / ukugunyaza
(iii) Ukuchaza okwenzekile / ukucela
(iv) Ukuxhumanisa nokwenziwa kokuthile

ISAKHIWO (5)

- Igama lenhlangano
- Isuka kubani iya kubani (nesikhundla sakhe)
- Usuku lubhalwa luphelele isib. 2 Agasti 2002
- Isihloko sememo

UKUSETSHENZISWA KOLIMI (3)

- Luba senkathini edlule
- Luba sohlelweni lomuntu wokuqala (1$^{st}$ person)
- Kuba wulimi olwejwayelekile
- kube khona izimo zenkulumo

**[15]**

## UMBUZO 3

### 3.1 UHLELO LOKUZAZISA

**Okuqukethwe** (9)
Bheka ukuthi kuvezwa konke okuqukethwe njenga:

Igama, isibongo, usuku lokuzalwa, ikheli, umazisi, umakhalekhukhwini, isikole, imfundo, umsebenzi

**Isakhiwo** (3)
Kubhalwa kube ngamakholoni amabili (1)
Ukuhleleka kweCV. Ube izigaba: Ngokuzethula, imfundo, umsebenzi (2)

**Ulimi** (3)
Bheka ukupelwa kwamagama
Ukuhlukanisa amagama ngokuyikho

Uhlelo lokuzazisa
**Ukuzethula**

| | | |
|---|---|---|
| Isibongo | : | Mtshali |
| Igama | : | Themba |
| Usuku lokuzalwa | : | 761114 0733 089 |
| Ikheli lasekhaya | : | D 1580 Ntuzuma Road. KwaMashu 3100 |
| Umakhalekhukhwini | : | 083 382 0936 |
| Inombolo kamazisi | : | 14 Novemba 1966 |
| Inani lezingane | : | Iyodwa |
| Isimiso somshado | : | Angishadile |
| Engikuthandayo | : | Umculo ne-khompyutha |

**Imfundo**

| | | |
|---|---|---|
| Makhutha Junior Primary School<br>P.O. Box 61<br>Ntuzuma | : | Amabanza 1-7 |
| Buhlebuyeza School<br>P.O. Box 61<br>KwaMakhutha | : | Amabanza 8-12 |
| Izifundo zika Matikuletsheni | : | isiZulu HG<br>English HG<br>Business Economics HG<br>Economics SG<br>Mathematics SG<br>Accounting HG |

**Umsebenzi**

| | | |
|---|---|---|
| Pick 'n Pay | : | Amatoho |
| Engikwenzayo | : | Ukulungisa ugesi |

**Abangathintwa ngami**

| | |
|---|---|
| Rev. B F Majola | kanye no Mnu. JT Genge |
| Mahon Evangelical Christian Church | Pick 'n Pay |
| P.O. Box 90 | P.O. Box 600 |
| Diepkloof | ORMOND |
| 1868 | 2000 |
| (011) 938 800 | (011) 493 0978 |

**[15]**

3.2 **Isikhangisi**

**Isakhiwo** (3)

Kuba izigejana zamagama

**Ulimi** (5)

Olujwayelekile (2)

Umuntu wokuqala okhulumayo Ngi / Si .. (1)

Isipelingi nokuhlukaniswa kwamagama kubalulekile (2)

**Okuqukethwe**

Akubekeke kucace ozothintwa, intengo, indawo, ubukhulu bomuzi odayisayo nokunye okungaqhamuka akuhambelane nokukhangisa. **[15]**

## ISIQEPHU C

## UMBUZO 4

Ubuciko bomlomo

Inkosi Yinkosi Ngabantu – C.T. Msimang

4.1.1 (a) Umzekeliso – ikhuluma ngomlando ongemuhle phakathi kwamaBhunu nesizwe samaZulu. Ukugqashuka kwempi phakathi kwamaBhunu noZulu kwakuzokwenzeka. Igwababa laxwayisa uMpeza ukuthi angagaseli amaBhunu kepha afuduke. Abalalela igwababa basinda, basindiswa ukulalela igwababa. (5)

(b) Ukubheduka kwempi – ukuvumbuka, suka njengothuli, kungalindelekile. (2)

Ukubambana ngezihluthu – ukutholaná phezulu kuliwa. (2)

(c) Igwababa elaxwayisa abantu, abalilalela basinda. (1)

**[10]**

4.1.2 (a) Ufanangwaqa kh, th ufanankamisa o.a (2)

(b) Isaga singumusho ophelele – isisho ibinzana lamagama elingaphelele

Isaga kasiguquki ngenkathi – isisho siguquka ngenkathi nobuningi

Isaga siyiqiniso elingephikwe – isisho sisikaza iqiniso 3x2 = (6)

(c) Ukuyala, ukusongela, ukukhuthaza nokuneka isimo esithile

ANY TWO (2)

**[10]**

4.2

4.2.1 (a) **Izingeniso** – Sethulelwa unogwaja nebhubesi zinenkinga indlala. Sekunezinsuku ezintathu zingasadli. Isimo esinokuthula kasikho kule nsumansumane. (3)

(b) **Umzimba** – Ibhubesi libonga abakubo ngenyama ezilethayo okungunogwaja. Unogwaja uzikhalela kulo malume ngenxa kanina ongudadewabo, ibhubesi. Ubuhlobo buyalithonya ibhubeseselithatha izeluleko kunogwaja. Unogwaja uza necebo lokwenza ibhubesi lizitholele inyama kalula ngokuthi lizigulise izilwane zize ukuzovuselela isigulana okuyinkosi yezilwane. Icebo likanogwaja lasebenza ngoba idube labulawa ngesikhathi izilwane zibaleka. Indaba isifinyelele kuvuthondaba. (5)

(c) **Isiphetho** – Icebo likanogwaja elilandelayo ukubulala ibhubesi ngokuthungela ophahleni lwendlu lokho kwaholela okufeni kwebhubesi ngenxa yokuphathwa yindlala. (2)

4.2.2 (a) Umlando kaNdlela kaSompisi – uNdlela uqhamuka eMabheleni kwalaseLenge, ehamba nomuzi wakhe izingane ezintathu uGwashaza, uBhibhi noNdwane. Wafuduka kwelakubo ngenxa yabantu abasebephenduke amazimuzimu ngisho nenkosi yabo. UBhibhi waba mgudlunkulu wenkosi uSenzangakhona. Wayengumpheki lokho kwasondeza enkosini futhi nobuqhawe bakhe. (4)

(b) Isifaniso – ukuhlatshwa ebuhleni kusebusweni okwenzeka nasetholeni. (2)

(c) Ukuxhumana siqalo
Oso<u>nyakanya</u>
Um<u>nyakanya</u>
Ukuxhumana okuyinxemu
Usilinda <u>maNdwandwe</u>
A<u>maNdwandwe</u> akhawul'amathe. (4)

**[10]**

**NOMA**

## UMBUZO 5

### Izindaba ezimfushane

**Umlabalaba - .O.E.H. Nxumalo**

5.1

5.1.1 Banthukutheliswa ukutholakala kwesiqopha mazwi kuXolani kanye namazwi okusola ashiwo nguKhumbulani kuye okuthi uyimpimpi. Isimo sonke esasi laphaya ehholweni. (4)

5.1.2 (a) ukuwotha ubomvu – ukuthukuthela kakhulu (2)

(b) ulimi lugcwala umlomo – ukuhluleka ukukhuluma ngenxa yokwesaba. (2)

5.1.3 Wayefuna ukuthola ubufakazi obuningi nokunikeza isixuku ithuba lokuzibonela nokuthi inzondo nentukuthelo zikhule. (2)

5.1.4 Ingwijikhwebu kusho isiphuzo esihlukile kwesisilindele njengokhokho, nogologo esikhundleni setiye. (3)

5.1.5 Kusemakhaya nasemizini okusenempatho yokuhlonipha izihambi. (2)

5.1.6 (a) Uvakashile emzini wabantu abanobuntu

(b) Emahhovisi ezindaweni zokulindela

(c) Emzini yabenfundisi. (3)

5.1.7 Isinkwa, amaqebelengwane namabhanisi. (3)
**[10]**

**NOMA**

5.2

5.2.1 (a) Isigameko esisodwa – Kule ndaba emifushane silindele isigameko esisodwa esiqoqekile. Kule ndaba emifushane ethi, "Buyel'ekhaya" uBongani esekhulile ufuna ukuganwa, intombi ayibonile nguNomagoli waseNqoleni oyibhinca. Abazali bakhe abafuni nakuyizwa le Ndaba kaNomagoli Gumede ngoba bengamakholwa. AbakwaGumede bagcina ngokuphenduka babe ngamakholwa, lokho kwenza baphethe nogukushada uNomagoli noBongani. Abazali bonke bayawamukela umgcagco phakathi kukaBongani noNomagoli. uBongani wayesedubile ukuya esontweni ethi amakholwa ayabandlulula. Kukhona ukujeqeza emuva okuningana okungahle kwenze izigameko esikhundleni sesigameko. Isibonelo inkulumo phakathi kukaBongani nabazali bakhe. Ukuguquka kwesimo sengqondo sikaBongani ngesikhathi efunda Eyuniversi na sikhathi ekhumbula uninakhulu enziwa iculo elalithi "Buya buyel'ekhaya" Kwenza isigameko sigcogcome.

(5)

(b) Abalingiswa kumelwe babe yingcosana noma abahlanu. Naba abalingiswa esinabo: UBongani Ngema, uyise uNgema nonina uMaZungu, uNomagoli Gumede, nabakwaGumede, amakholwa, uMfundisi, izifundiswa ezifunda eYunivesi. Kubukeka abalingiswa bebaningi bengawufezi umgomo wabalingiswa bendaba emifushane. Iyokwemukelwa nemibono eveza isidingo sabo noma bebaningana. (5)

5.2.2 (a) Isingeniso se – eseyi kufanele sethule isihloko ngendlela ehehayo. Kulesi sigaba esiyisingeniso umlobi uphumelele ukusethulela ukuthi ikhanda limbozwe yihlathi elimnyama okuthiwa yizinwele. Uqhubeka egcizelela ngesimo sezinwele esikhona kuwo wonke umuntu. Singasho kugcwale umlomo ukuthi uphumelele umlobi ukusethulela isihloko esingenisweni. (5)

(b) Umzimba – kulapho edaza khona inkani, eqhubeka eneka imibono yakhe ngesihloko. Umlobi usitshela ngezintwala ezitholakala ngaphakathi kwezinwele ukuthi kazihloniphi ngoba ziyabhidliza. Aphinde asitshele ngabangenazo izinwele ukuthi banenkinga yokumilisa izinwele kepha ngokuphikeleha benwaya amakhanda baqothula izinwele. (5)

**[10]**